## ISIQEPHU A : INDABA

**Umbuzo 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ay- 190 kuya kwangama -240

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa luqhamuke ngaphambi kwendaba.

1.1 Abantu abaningi abadala bakuthola kunzma ukusebenzisa izinto zobuchwepheshe bethekhnoloji bethembele ezinganeni zabo ukuba zibasize.Bhala indaba ngesihloko esithi:

Ubuhle Nobubi Kokwethembela Kwabazali Ezinganeni Ngethekhnoloji. **[50]**

1.2.UHulumeni ukhipha imali yesibonelelo sezingane ukuze asize abantwana abahluphekayo.Kunemibono eyahlukene ngemithelela yale mali entsheni.Bhala indaba ngesihloko esithi:

Imithelela Yemali Yesibonelelo Sabantwana Emiphakathini. **[50]**

1.3. INingizimu Afrika ibhekene nenkinga yokuhlaselwa kwabantu bakwamanye amazwe Ase-Afrika.Bhala indaba ngesihloko esithi :

Kungani Kunalolu dlame Olubhekiswe KuMa-afrika ? **[50]**

1.4. Bhala indaba ngalesi sihloko:

Ukube Ngalalela Abazali Bami Ngabe Angikho Kulolu Sizi. **[50]**

## ISIQEPHU B : IMIBHALO EMIDE EDLULISA UMYALEZO

## UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama -80 kuya kwayi- 100.

2.1. Bhalela uMphathi kwaNdabazabantu **incwadi** uncome impatho enhle oyithole uye kwelinye lamahhovisi alo mnyango uyolungisa inking ngephasiphothi yakho.Veza ukuthi yiliphi leli hhovisi nokuthi ibinankingani le phasiphothi yakho. [30]

2.2. Umshayeli wemoto ethwala izidumbu ubehamba ngesivinini esiphezulu kakhulu, kanti amaphoyisa omgwaqo ayambona.Ammisile amaphoyisa umshayeli axoxa na ngalesi senzo sokwephula umthetho.Bhala **ingxoxo** phakathi kwalo mshayeli nephoyisa lomgwaqo. [30]

2.3.Umzala wakho ebenizwana (close) kakhulu naye ushone engozini yemoto. Abomndeni banike wena umsebenzi wokubhala umlando wakhe ozofundwa ngosuku lomngcwabo.Bhala **umlando kamufi.** [30]

**AMAMAKI ESIQEPHU B:30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

**Umbuzo 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama -60 kuya kwangama- 80.

3.1. Abazali bakho bazokwenzela umgubho ( celebration) wosuku lwakho lokuzalwa lweminyaka eyi-16.Bhala **ikhadi lesimemo** ozolithumela abangani bakho ofisa babe khona. [2

3.2. Ubambele umama wakho ebhizinisini lakhe lokuhlela imicimbi njengoba yena esahambele phesheya kwezilwandle izinsuku **ezinhlanu**.Bhala **idayari** yezinto ozobe uzenza kulezo nsuku. [2

3.3. Ukweswela kwakho umsebenzi emuva kokuba uqede imfundo yakho eNyuvesi kukukhuthaze ukuba uziqalele ibhizinisi lakho elincane.Bhala **isikhangiso** saleli bhizinisi ukuze abantu abaningi bezolazi. [2